



Sisohambweni Sonke, Simemezela IVangeli...

UKUHLANGANYELA

Iculo Lokuvula: Elifanele

Umkhuleko Wokuvula

Isifundo: IZENZO 2:37-47

Umzindo Omufishane

Kucacile Embhalweni OyiNgcwele ukuthi UMBHABHADISO uyisango LOKUHLANGANYELA, kanti futhi akugcini lapho usivulela umuzwa wokuxolelwa kwezono zethu nokwehliselwa koMOYA OYINGCWELE. NgoMbhahhadiso siba amalunga OMzimba kaKristo abizelwe ukuba ahlale ngokuhlanganyela namanye avuleleke ekwamukeleni abanye ezimpilweni zethu aphe futhi athande imiphakathi.

Ngenxa yalokho ngeke sikwazi ukuthi siyi Bandla siphile njengomphakathi ozivalele wodwana. Lombhalo OyiNgcwele ukucacisa ngokusobala ukuthi isithembiso esenziwa kuthina senziwe kithi SONKE: “ Kulabo abasekudeni, kanye nakulabo ababizelwe iNkosi kuyo.”

Ezinye zemigodla zokuHlanganyela lezo eziqhakambisiwe ilezi:

1. Ukuthembeka EMfundisweni YeBandla
2. Ukuthembeka EMphakathini
3. UkuHleshulwa kweSiNkwa (EMiseni EliyiNgcwele)
4. Ukukhuleka

Qaphela ukuthi UMphakathi wazi kangakanani ngezi DINGO zamalunga awo nokuthi NGOKUBAMBISANA bakwazi ukuzifeza lezo zidingo. Lokhu bakwenza ngenjabulo nangomusa futhi bayayi jabulela I MPILO yabo ENTSHA yokuphila. Ngalokho abantu abaningi bajoyina emphakathini wabo base babelana EKHLANGANYELENI kwabo.

“Usuku nosuku iNkosi yandisa eMphakathini wabo labo abafisa ukusindiswa”

Imibuzo Ezodingidwa

1. Kungabe amapherishi ethu Abukeka kanjani EKHLANGANYELENI emphakathini Omusha wamaKholwa ngokuchaziwe Embhalweni OyiNgcwele?
2. Kungabe ikuphi okunye okungaba umgogodla obalulekile Womphakathi Wasepherishini yethu
3. Kungabe siyazi ngezidingo zamalunga emiPhakathini yethu?
 - Intsha
 - Abashadile
 - Izaguga
 - Abangabodwana / Asebehlukanisile
 - Abazinhliziyi zibuhlungu
 - Abangasebenzi
 - Abakhishwa inyumbazane (Ngezizathu ezahlukene)
4. Yikuphi esingakwenza ukubhekana nalezidingo?
5. Yikuphi esingakwenza ekuqiniseni ulwazi NGOKUXHUMANA epherishini yethu?

6. Singakwenza kanjani ukuba sibe abantu abamukelanayo futhi abamema iBandla ngoku HLANGANYELA esibizelwe ukuba sabelane ngakho?

Umkhuleko Wokuvala:

Iculo Lokuvala:

Sisohambweni Sonke, Simemezela IVangeli...

UKUHLANGANYELA

Kucacile Embhalweni OyiNgcwele ukuthi UMBHABHADISO uyisango LOKUHLANGANYELA, kanti futhi akugcini lapho usivulela umuzwa wokuxolelwa kwezono zethu nokwehliselwa koMOYA OYINGCWELE. NgoMbhahhadiso siba amalunga OMzimba kaKristo abizelwe ukuba ahlale ngokuhlanganyela namanye avuleleke ekwamukeleni abanye ezimpilweni zethu aphe futhi athande imiphakathi.

- A. Yikuphi esingakwenza ekuqiniseni ulwazi NGOKUXHUMANA epherishini yethu?

- B. Singakwenza kanjani ukuba sibe abantu abamukelanayo futhi abamema iBandla ngoku HLANGANYELA esibizelwe ukuba sabelane ngakho?

“Usuku nosuku iNkosi yandisa eMphakathini wabo labo abafisa ukusindiswa”

